- Idamu i-Spring Grove elizoqala ukwakhiwa e-Mooi River ngemali elinganiselwa ku-R360 million elizosiza lona ukudlulisela amanzi emfuleni uMgeni.
- Idamu i-Hazelmere lizophakanyiswa ubonda ngamamitha ayisikhombisa ngemali elinangniselwa ku-R 25 million. La manzi azophakela i-Dube Trade Port kanye nesikhumulo sezindiza kanjalo nezindawo ezisenyakathi yetTheku.
- Kunedamu elisacwangingwa, KwaDukuza elingabiza imali elinganiselwa R 600 million.
- Elinye idamu elicwangingwayo emfuleni uMvoti ngase-Greytown ukuphakela izikimu zasemakhaya. Imali yaleli damu ilinganiselwa ku-R 100 million.
- Idamu elizosebenza ukulondoloza amanzi eNgwadini, isizindana esincike emfuleni uMkhomazi, nalo liyacwangingwa njengamanje. Leli damu lona lizosiza ukuthi izinkampani ezifana no-SAICCOR zingavalwa uma kukhona isomiso. Kulindeleke ukuthi leli damu lakhiwe ngo R 200 million.
- UMnyango wami futhi udlala indima ekucwangingeni ukwakhiwa kwedamu elizophatha izikhukhula emfuleni uMzimkhulu kumasipala waseSisonke. Idamu lizosiza futhi ukufakela abantu abakhele le ndawo amanzi.
- Kunedamu futhi elihlongozwayo emfuleni iMpondo ukuze lisize abalimi abasafufusa ngasemfuleni i-Buffero kumasipama waseMajuba.
- UMnyango usacwanginga isicelo sokuthola imvume yokwakha amadamu amabili azosetshenziselwa ukwakha ugesi yinkampani kagesi i-Eskom.

- Uhlelo lokulungisa umfula uSuthu ukuze ukwazi ukubuyila esimweni esamukelekile ekubuyekizweni kwesabelozimali esisanda kukhishwa manje kubekwe imali engu-R8 million ukwenza lo msebenzi.
- Ukwakhiwa kwamaqhinga okuphatha kahle zonke izizinda zamanzi nakuwo wonke amadamu akhona ukuze kusetshenziswe kahle umhlaba okwakhiwe kuwo amadamu, nalowo msebenzi uyaqhubeka. Lolu hlelo luzohambisana nohlelo lwesifundazwe lokuthuthukisa umnotho.

Somlomo, ngaphezu kwazo zonke lezi zinhlelo ezibalwe ngenhla, siphezu komkhankaso wokulungisa ukungalingani ekunikezweni kwamalungelo okusebenzisa amanzi, *that's the water allocation reform*. Inhloso enkulu ukuthi ukunikezwa kwamalungelo amanzi akufane kuwo wonke umuntu nanokuthi kulungiswe ukulungani okwenzeka ngezikhathi zobandlululo. Isizinda samanzi soMhlathuze siqokwe ukuba sibe yisibonelo salo mkhankaso kanti nocwaningo seluhambe kakhulu. Izinombolo ziyasho ukuthi amanzi angabuyiswa angakwazi ukuchelela umhlaba obalelwa kumahektha ayi-10 000. Inhloso yami enkulu ukuthi sikwazi ukunikeza amanzi okuchelela kulabo balimi abasafufusayo. Lolu hlelo-ke kufanele luxhumane kakhulu nezinhlelo zoMnyango Wezokunizelwa Komhlaba ukuze phela lusebenze ngempumelelo.

Somlomo kubaluleke kakhulu ukuthi iminyango ikhulumisane, ikakhulukazi uMnyango wakho weZolimo kufanele uthintane nomasipala wasOthungulu ukuze abalimi abasafufusa abangamalungu kasosesheni waseNkwaleni nase-Heatonville bangeniswe ngendlela futhi bafundiswe kabanzi ngezolimo.

Malungu ahloniphekile nizokhumbula ukuthi kade ngimemezela ngoMashi inani elibalelwa ku-60 million cubic metres lamanzi abekelwe ukulima umoba ozophakela umshini kashukela noma i-bio-diesel eMakhathini Flats. La manzi azobe esuka eJozini Dam. Kulolu hlelo kuhlangele izinkampani ezimbili ezibizwa, uTongaat Hullet Suger kanye no-Irrimec. Lezi zinkampani zizokwenza ucwaningo mayelana nohlobo lwemboni ezokwakhiwa, ezinyangeni ezingamashumi amathathu nesithupha ezizayo.

Uma siza ezinhlelweni zokufakela amanzi okuphuza, ukwakhiwa komqulu ophethe uhlelo lwesifundazwe saKwaZulu-Natali sokufeza izidingo zamanzi sekuya ngasemaphethelweni. Inhloso yalo mqulu ukuba kube nomhlahlandlela kanye neqhinga okuvunyelwene ngalo kuthi amanzi azofakwa kanjani kulesi sifundazwe ngendlela

eqhubekayo kanye nefanelekileyo.

Inhloso enkulu yalo mqulu ukuthi isifundazwe sakhe izizinda zokufakela amanzi ezinkulu ukuze kube lula ukuzigcina kanjalo futhi kube lula ukuzisebenzisa. Sekunezikimu ezinhlanga esezivunyiwe zanikezwa futhi nemali komasipala uGu, uThungulu, uMkhanyakude, kanye neZululand, kanti eziyisikhombisa ziphezu kocwaningo oseluya ekupheleni kanti zingaqala ukusebenzi kulo nyaka ozayo. Isifundazwe sinikezwe imali engango R 350 million eminyakeni emithathu. UMnyango wami kumanje nje uqedela isicelo esiya eMnyanweni Wezezimali ukuba lolu hlelo lunikezwe imali engango-R 350 million eminyakeni emibili kuze kube wukuphela kwazo zonke izikimu ezincane lapha kulesi sifundazwe.

Leli pulani lithatha kakhulu izinjongo ze-Provincial Growth and Development Strategy. Sibheke ngamehlo abomvu ukuthi ngoDisemba umqulu waleli pulani ube usuphelile bese uyokwethulwa ezinhlangeni ezifanele zesifundazwe lapho uyovunywa khona bese uthunyelwa kwezinye izinhlanga zikahulumeni ophezulu ukuze uhlanganiswe nepulani likazwelonke.

Onyakeni wezimali odlule, omasipala bakho Ndunankulu ohloniphekileyo wesifundazwe bakwenze waba mkhulu ngokuthi bayisebenzise yonke imali ababenikwe yona yokuthi bafake izidingo, kunjalo nje [ Ye ye ] , kunjalo nje imali eningi bayisebenzisele ukufaka amanzi emphakathini kanye nezindlu zangasese. Basebenzise imali engamaphesenti awu-97 emalini ebalelwa ku-R 1,1 billion ngonyaka owodwa vo [ Ye ye]. Lokhu kusho ukuphumela kwalesi sifundazwe kuzo zonke izifundazwe eNingizimu Afrika [ Ye ye]. Ngisincoma kakhulu-ke isenzo salesi sifundazwe ngoba selokhu kwaqala uhlelo lwe-MIG, iKwaZulu-Natali ihamba phambili [ Ye ye]

Izinhlelo zokuphakelwa amanzi nokuthuthwa kwendle ziyophumelela kahle uma ukusebenza kahle nokugcineka kwezikimu kusezingeni elifanele. Kufanele-ke ukuthi omasipala baziqoqe izimali kulabo abasebenzisa amanzi. Uma kubehlula lokho mabahlangane noMnyango Wezamanzi Namahlathi ukwenzela ukuba sibone ukuthi yiluphi usizo esingase sibanike lona. Ukuqoqeka kwemali kuzosiza ukuthi umasipala akwazi ukugcina izikimu zisebenza . Lapho kunomthetho wokufakelwa kwamanzi mahhala, ikhona imali ebhekele lolo hlelo omasipala abangakwazi ukuba bayithole.

Somlomo ohloniphekileyo, ucele ukuba ngikhulume ngomsebenzi owenziwa

nguMnyango wami kulabo masipala abalandelayo: uGu, uMkhanyakude, uThukela kanye noMzinyathi emva kokuba ithimba ohlelweni lokuhambisa iphalamende ebantwini, lathola izinkinga ezikhungethe le miphakathi.

### **UThukela District Municipality**

Ngike ngaphelezela uSekela-Mengameli, uNkosikazi uPhumzile Mlambo-Ngcuka, e-Bergville lapho kunedamu elibizwa nge-Woodstock, ngoMeyi walo nyaka. Kwangithinta kakhulu enhliziyweni ukuzibonela mina mathupha, usizi lokwentula kwabantu amanzi, kodwa kukhona isikimu esikhulu esithutha amanzi kulelo damu sihambe siyophakela isizinda sokwakha umnotho wase-Gauteng, waseGoli.

Lokhu kungenze ngafuna ukusungula ukucutshungulwa kwemigomo kahulumeni ezoqikelela ukuhlomula kwabantu abahlala noma abakhele amadamu [ ye ye]. Sengiqalile kumasipala wasoThukela ngokubasiza ngokuthi kutholakale imali ezokwakh isikimu endaweni okuyisona esizovula amathuba ezokuvakasha kanye nokukhuphula umnotho wendawo kuleyo ndawo eyakhele indawo eyakhele idamu lase-Woodstock. Ukwakha lesi sikimu kulinganiselwa ku-R 45 million.

Kanti-ke nangembizo kaMengameli uThabo Mbeki, kuvele ukungaphatheki kahle kwamadamu aphethwe abanye omasipala kanye nokubaluleka kokungenelela komnyango wami ekusizeni omasipala ukuba baphathe ngendlela izizinda zamanzi. Asilishiyi-ke ngaphandle idamu lase-Olifantskop elingaphansi kukamasipala waseNdaka, okungenye yezindawo uMengameli azihambela.

Amadamu amaningi akulesi sifundazwe saKwaZulu-Natali agcwele udaka. Lokhu kukhomba ukuthi awaphathekile futhi awagcinekile ngendlela efanelekile. Kunesidingo esikhulu-ke sokuthi kubhekisiswe kahle indima engadlalwa ohulumeni basekhaya kulesi sigaba. Ubuye ukhumbule Somlomo ukuthi labo masipala basalindeleke ukuthi baqede bonke abantu abasantula ukufakelwa kwamanzi ezindaweni zabo phakathi kwesikhathi esikaliwe, u- 2008 amanzi, u-2010 amalungelo okanye inkonzo zokuhambisa indle.

Kuhlasimulisa umzimba ukucabanga ukuthi kunabantu nanamuhla abahlala eduze kwamadamu kodwa abangakasizakali ngalutho ngawo, ngaphezu kwalokho babehlukunyeziwe, basuswa kulezo zindawo ngesikhathi kwakhiwa lawo madamu. Sengithumele uMnyango wami ukuba ucubungule izindlela abantu abangasizakala

ngazo. Ngikwazi kahle kamhlophe ukuthi izinhlelo zamanzi, *that is services*, ezohulumeni basekhaya, kodwa umnyango wami uzosebenzisana nabo omasipala ekuthenini la bantu babekwe phambili uma kwakhiwa amaqhinga entuthuko. Singekubeke ngaphandle ukuthi nama-Water Board angadlala enkulu indima kule ndawana. Lo mba ke umba esikhulume kakhulu nawo no-*comrade* Mabuyakhulu ngesikhathi sibonisana ngesimo sokuhanjiswa kwamanzi nendle lapha kulesi sifundazwe.

Uma siza kuMkhanyakude District Municipality, njengasoThukela, eMkhanyakude kukhona idamu laseJozini, iPhongola Poort Dam, kodwa abantu bakhona abanawo amanzi okuphuza. Ngike ngakhuluma nenkampani kashukela eyakhiwayo ezoletsha amathuba omsebenzi kanye nokuthuthuka komnothio kuleya ndawo. Kumanje nje umasipala waseMkhanyakude usizwa uMnyango wami kanye noMhlathuze Water uphezu kocwaningo lokubheka indlela yokusebenzisa idamu laseJozini kuthi liphakele wonke uMkhanyakude ngamanzi.

Uma siza kuGu District Municipality, uMnyango wami ube nesandla esikhulu ekusizeni umasipala wasoGwini ukuba uqhamuke nesiphakamiso sokufaka uhlelo lwamanzi endaweni yaseMathulini kanye nohlelo lokuhambisa indle ngamanzi ashaywayo endaweni yaseMalangeni.

Umzinyathi District Municipality kanjalo nasezindaweni ezinjengo-Greytown kanye naseQhudeni kumasipala uMzinyathi, izinhlelo zokufaka amanzi ezinkulu zibhekwe ngamehle abomvu.

Ukwentuleka kwamanzi kumasipala uMsinga kanye naseMvoti kuyaziwa kanti uMnyango wami ubambisene nomasipala uMzinyathi uphezu kocwaningo ngalolu daba. Ukutholakala kwezinkinga ezinjena kubikwa ukungasebenzi kahle kwenkampani yokufakela amanzi uThukela Water, eyasungulwa yiwona uMzinyathi ebambisene nomasipala abalapha esizindeni samanzi oThukela. Sengike ngafakana umlomo nongqongqoshe uMabuyakhulu ngalolu daba, futhi ngiyathembisa ukuthi iziphakamiso zocwaningo, *forensic audit*, olwenziwe ngesimo sale nkampani uThukela Water nezincomo abasinekeze zona, sizozifakela izibuko ngempela. ( ye ye)

Ngilapha nje ngiyazi ukuthi umasipala uMzinyathi usuke wakhulumisana noMngeni Water ukuba usize kulolu daba lwamanzi aseMvoti.

Sengiqedela-ke Somlomo, namalungu ahloniphekileyo, ngifuna ukukhuluma ukuthi sinendima esiyidlala ngokukhulu ukuziqhenya kwezamahlathi, lapho sibhekene nqgo nokuguqula indlela yokusebenza kwezamahlathi. Uzokhumbula ukuthi ngenyanga kaJuni, ngethula uhlelo lwe-Forestry BBBEE Charter, oseluya emaphethelweni njengoba sikhuluma nje. Ngibheke ukuthi kuzokuba nezinguquko ezinkulu kule ndima kanti lesi sifunda sizohlomula kakhulu, ngisho nabesifazane nentsha imbala. [ye ye].

UMnyango wami futhi usemkhankasweni wohlelo lokudlulisa noma ukunikeza uMnyango Wezolimo izihlahla zomdabu, *indigenous trees* kanti lolu hlelo seluhambe indima ende kakhulu.

Kungekudala, ngizobe ngidlulisela amahlathi akhelwe umphakathi waseMbazwana naseManzengwenya ngisebenzisana noMnyango wezomhlaba kanye nowezomnotho la esifundazweni.

Kungekudala sizophuma nesixazululo sezinkinga zaseDukuduku. Sisonke noNgqongqoshe womnyango wezamakhosi kanye nezindlu, nekomiti longqongqoshe besifundazwe elasungulwa yiKhabhinethi yesifundazwe eliphakeme kanye nongqongqoshe wezemvelo nezokuvakasha sihlangane sabuka kuthi iziphi izincebiso eziphumile emva kokuthi ithimba ebelikhethiwe nekomiti ebelikhethiwe iye yenza uvavanyo yakhuluma nabantu bonke, yaye isithi thaca phambi kwethu, sihleli naye ungqongqoshe uMabuyakhulu, i-*options* okanye izinto esingathi sizikhethe ukuxazulula le ngxaki yaseDukuduku.

Ngingasho-ke ukuthi, uma sesihlanganise konke, satshela neKhabhinethi ukuthi zithini lezi zimbambathiso, sizobuya size la ephondweni, sizochaza ukuthi kuzohanjwa kuyiwephi, kuhanjwa kanjani kule meko yaseDukuduku. Nginxusa-ke ukuba sonke sibambane ngezandla, ekuxazululeni lolu daba, kanti mina ngingungqongqoshe oqondene nalolu daba anginaxhala ngokuqhubekayo kulolu daba.

Uhulumeni useqale uhlelo lokuthuthukisa ezemvelo nokutshalwa kwezihlahla zomdabu nezezithelo eziyisigidi ngonyaka, *what we call " a million tree campaign"* . Lapha-ke sibambisene neminyango yesifundazwe nemikhandlu yohulumeni basekhaya.

Sinazo-ke ezinye izinhlelo zokuxosha ikati eziko sibe futhi sigawula nezihlahla

okungezona ezendabuko lapha eNingizimu Afrika, abanye abaningi benu bayakwazi lokho phansi kohlelo okuthiwa yi-“ *Working for Water*” . Sibambisene kakhulu la nomnyango wezilimo kulesi sifundazwe.

Njengongqongqoshe obhekele imithetho yokuvikela ukushiswa kwemililo yasendle nasemahlathini, ngiyafisa ukudlulisa ukubonga okukhulu ngeqhaza elabanjwa yilesi sifundazwe ngesikhathi sikhungethwe yimililo emibi yequbula eyehamba nemiphefumulo yabantu kanye nempahla yabantu eningi. Ngithi angithathe leli thuba-ke Somlomo ngasize iNdlu ehloniphekileyo ukuthi uMnyango wami kanye nalabo esibambisene nabo, sesiqalile ukuqinisa umkhankaso wokugquzela ukwakhiwa kwezinhlangano zokuvikela umlilo, ezindaweni ezahlukeneyo, ngisho nasezikoleni imbala, lapho izingane nemiphakathi beqwashiswa khona ngobungozi bomlilo.

Ngiyathemba ukuthi le mikhankaso izophumelela kuzindawo zonke. Ngiyabonga

**THE SPEAKER:** Sibonga kakhulu kuNgqongqoshe ohloniphekileyo, umama uNkk Hendricks ngombiko asethulele wona. Thank you very much, hon Minister.

#### **8.4 DEBATE ON THE REPORT, AS TABLED BY THE MINISTER FOR WATER AFFAIRS AND FORESTRY**

Hon members, we will now entertain a debate on this report by the Minister, after which we will deal with a problematic matter which has arisen. I have been requested to allow a statement by one of the MECs, the Leader of Government Business. I have looked at the statement and I have agreed to allow him an opportunity to make a statement in this House in terms of Rule 100. The statement will be distributed to hon members before the MEC makes that statement.

In the meantime, there will also be an opportunity for the Minister to reflect on the issues that will be raised during this debate, and she will respond to these matters after I have adjourned the House. The Chief Whip will deal with that session. In the meantime, let me allow the hon Mr Sithebe to begin the debate.

**MR M E SITHEBE (ANC):** Mangibonge kakhulu Somlomo ukuthola leli thuba lokukhuluma kule nkundla esiyivulelwe uNgqongqoshe umama uHendricks. Mhlawumbe kudinga ukuthi umuntu asho okokuqala nje ukuthi, uma sithi “Masisukume sakhe iProvince yakwaZulu-Natali” le nto yokuthi sikwazi ukuthi sivakashelwe oNgqongqoshe

la, sikwazi ukuthi sisho ukuthi nazi izinto nabo bakwazi ukuphendula kukhombisa ngokusobala ukuthi siyasukuma ngempela ukuba sakhe le Province yakwaZulu-Natali.

Into-ke uNgqongqoshe asesinikeze yona ikhombisa ngokusobala ukuthi uhlelo lokuthatha iPhalamende silise kubantu liyasebenza uma sisebenza ngokubambisana kuzo zonke izinhla ezikhona zikaHulumeni ngenxa yokuthi kwinkulumo kaNgqongqoshe kazwelonke enye yezinto azivezayo yile nto ethi: kulabo Masipala esabavakashela sathola izinkinga ezaziqhamuka kulabo Masipala ezithinta amanzi, kuye kwenzeka ukuthi bahlale phansi ngenxa yokuthi imibiko ibidlula ethi, kusetshenzwa kanjani. Yiziphi izingqaxaki ezikhona kulabo Masipala. Ngithi mangibonge kakhulu Ngqongqoshe ukuthi usabele ukhombise ukuthi le nto yokuthatha iPhalamende lisiwe kubantu liyothola ukuthi kwenzakalani, akukhona nje ukudlala ngemali kodwa yingoba sifuna ukwenza konke okusemandleni ukuthi abantu bawubone umehluko wokuba noHulumeni oncike ezidingweni zabo.

Kufanele-ke la umuntu acacise ukuthi kulolu hlelo uNgqongqoshe akhuluma ngalo njengoba sonke sazi kahle kamhlophe ukuthi ukungabibikho kwamanzi akuyona mhlawumbe into eyenzeka kuwo wonke umuntu ohlala kwiProvince yakwaZulu-Natali kodwa ukungabibikho kwamanzi kwenzeke kubantu abawu-87% bakwaZulu-Natali, kwathi abawu-13% bavele banayo ingqala-sizinda yamanzi. So, lele nto-ke esizama ukuthi sibhekane nayo yimpi enzima kakhulu yokuba sibuke ukuthi sikusabalalisa kanjani lokhu. And, uma siyenza le nto, uNgqongqoshe usecacisile ukuthi sizokusebenza lokhu ngokubambisana phakathi kwethu siyiProvince, uhulumeni kazwelonke kanjalo noHulumeni basekhaya uma sikwaze ukuthi sisebenze ngokubambisana njengoba umlayelo weConstitution usho ukuthi iGovernment uma isebenza ngokubambisana kuzo zonke lezi nhla lokho kuyokwenza ukuthi kubekhona ukuphuthumisa ingqala-sizinda edingwa abantu nemisebenzi edingwa abantu lapha phansi.

Kufanele-ke ukuthi sisho la Ngqongqoshe ukuthi ngonyaka odlule siye saya nawe ngqongqoshe lapha emSinga endaweni yasemaChunwini. Uma sasilaphaya, into esayithola sinoNgqongqoshe iphuma noma umbiko owawuthulwa uMzinyathi wawusikhombisa isithombe esingesihle esasithi ukufakwa kwamanzi laphaya eMzinyathi kungaze kube ngo-2030, engicabanga ukuthi enye yezinto leyo ekhombisa ukuthi kunenselelo ekhona ekutheni sibhekelele ukuthi le nto esithi oMasipala abasifakele

amanzi. Sikwazi kanjani ukubona ukuthi banawo yini amandla noma lokhu esithi yicapacity yokuthi bakwazi ukukwenza lokhu? Sibasiza kanjani ukuthi bakwazi ukuze abantu bakithi basheshe baphume kule nkinga enkulu engaka esibhekene nayo.

Mhlawumbe-ke okunye okuhle uNgqongqoshe akhulume ngako yilezi mali athe ziphumile, wazibeka, ezibhekelele ikakhulukazi ekuthenini sikwazi ukubona ukuthi imithamo yokugcinwa kwamanzi iyandiswa njengoba ecacisile ukuthi ezindaweni ezifana nalaphaya emaJuba, la eMooi River nasezinye izindawo kuzoba khona lolu hlelo lokuthi kukwazi ukubhekelelwa. Sicabanga ukuthi iyona ngqikithi enkulu lena ezokwenza ukuthi singagcini, mhlawumbe sithi uma sifakela abantu amanzi sibe nale nto ebiyenziwa amaJoint Services Board abekade ekhona abethi uma efakela abantu laphaya abafakele amaBore Holes kodwa sibuke ukuthi sinezindlela ezikhombisa ukuthi siphokophele ukuthi sense izimpilo zabantu zibengcono.

So, sithi siyakuthakaselela ukuthi siyile Province yakwaZulu-Natal, ukuba uNgqongqoshe akwazi ukuzosicacisela ngale misebenzi emihle kangaka esithi masiyenze.

Mhlawumbe-ke okunye esifanele ukuthi masikucacise, uNgqongqoshe adlule kukhona yikho lokhu okukhuluma ngala manzi amaningi esiwathola laphaya ezindaweni ezifana noBergville. Nala manzi ayatholakala lapha ezindaweni eziningi ezifana noJozini kodwa uma uthi uyabheka ubone abantu abahlala laphaya bengenakho ukuthola amanzi cocekile. Sithi-ke, sikushayela ihlombe lokho Ngqongqoshe ukuthi uye waqhamuka nezindlela kwabakhona ucwaningo olugunyazayo ukuthi malwenziwe nokubhekelela ukuthi abantu bakwazi kanjani ukuthi bazithole lezi zinto sikwazi ukuthi sisebenze ekuthenini sibhekane nezidingo ezidingwa abantu, zamanzi.

Mhlawumbe-ke, sincome nokusebenza koMasipala njengoba uNgqongqoshe eshilo ukuthi imali oMasipala abayisebenzisile beyisebenzisela ukuletha amanzi kube yimali engango-R1.1Billion abakwazile ukuthi bayilethele amanzi kanjalo nezindlu zangasese ukuthi uma kunokusebenza okusezingeni eliseqophelweni elingangaleli lokhu kukodwa kusho ukuthi masikwazi ukubona ukuthi cha, umsebenzi esibhekene nawo siwuHulumeni sisonke mukhulu kakhulu wokuthi sense izimpilo zabantu zibe ngcono kule Province. Esicabanga-ke ukuthi uma sihleli kanje namhlanje, njengoba kukhona amaMayors la phezulu, kukhona thina sila, kukhona noNgqongqoshe la kusho ukuthi

namhlanje sivula enye *ichapter* ethi asingaphinde sibe ne*competition* ebakhona ukuthi thina singuMasipala sibakhulu kule Province, sibakhulu kule National. But, sonke uma sibambisene sazi ukuthi izidingo esibhekene nazo izidingo zabantu zinkulu kunathi. Kudinga ukuthi sibone ukuthi sisebenza ukubambisana ngaso sonke isikhathi singabi nale *competition* engadingakali kodwa sisebenze ngokubambisana ngaso sonke isikhathi.

Mhlawumbe-ke umuntu esehlala phansi okwamanje kufanele umuntu asho baba Somlomo ukuthi umsebenzi enisenzele wona wokuthi naso lesi Sishayamthetho sibonakale siba noguquko, le nto esithi yi*transformation* kuyi *transformation* ngokwakho nje nacho ukuthi sikwazi ukubiza oNgqongqoshe, sikwazi ukuxoxa ngezinto ezithinta abantu la. Sicabanga ukuthi sonke uma sila singamalunga alesi Sishayamthetho, kufanele ukuthi sibambisise ngezandla zombili le zinto. Nalaphaya sihleli eVryheid, isithombe esinye esihle esingazange sivele wukuthi sakwazi ukuthi silaphaya eVryheid sithole u-Auditor General owawubizwe yiPhalamende wakwazi ukuzocacisa ukuthi ukusebenza kwezimali la kuProvince kusesimeni esikanjani. Ngicabanga ukuthi uma sisebenza sinaleyo nhloso izobe isho ukuthi okuningi okuthinta ukulethwa kwezidingongqangi ezidingwa abantu sizokwazi ukuzenza ngoba okusho ukuthi kwathina si*focused* njengabantu ababekwe kuzo zonke lezi zinhla zikaHulumeni. Sithi lokho asikubonge kakhulu sithembe ukuthi sizothatha ngezandla zombili sonke silisebenzise leli thuba sibonge ukuthi singabokuqala ukuthi sikwazi ukubiza oNgqongqoshe bakwazi ukuzosihambela la. besinoTrevor Manuel khona maduzane khona la esivakashele. So-ke, kukhombisa ukuthi isivinini nabantu bala kwiProvince yakwaZulu-Natali bayaqala bayabona kuqala kusa manje kakhulu kunakuqala. Mangibonge okwamanje.

**THE SPEAKER:** Siyabonga kakhulu lunga elihloniphekile baba uSithebe, sizoqhubeka-ke. We proceed to Inkosi uMathaba. Inkosi uMathaba has 9 minutes.

**INKOSI K W MATHABA (IFP):** Thank you. Ngiyabonga Somlomo, mhlonishwa uNgqongqoshe Wezamanzi NKK LB Hendricks namaLunga ahloniphekile ale Ndlu, iziMeya ezikhona eziqhamuka kubo bonke oMasipala abakhona.

Okokuqala nje angisho ukuthi amanzi ayisidingo esikhulu ezimpilweni zabantu. Lapha eNingizimu ne-Afrika sikuthatha sikubeke lokhu kuwukuthi amanzi ebe yisidingo futhi

eyilungelo futhi kithina esiyizakhamuzi. Ngakho-ke lokho siyakuthola futhi nasemalungelweni kwi-Bill of Rights, lapha ku-*Chapter 2* woMthetho-sisekelo wethu ukuthi sithole la manzi. Ngithi mangisho ngibonge inkulumo yakho osuyibekile lapha Ngqongqoshe ukuthi njengoba kulilungelo leli lethu ukuthi siwathole la manzi angisho ukuthi indaba iqalile lapha ngo 1994 besinama Regional Authorities la obekusetshenzwa khona kuthuthwa amanzi edilivwa elethwa ebantwini. Izinkinga siyazibona njengamanje. Olunye lohlupha engicela uNgqongqoshe alubhekisise kahle kulamanzi asedilivwa njengamanje eza ebantwini, ingenxa yamathenda. Ezikolweni zethu, izikole ziyaswela kakhulu amanzi Mhlonishwa.

Ngithi-ke njengoba ubusushilo lapha Mhlonishwa ukuthi wenze ama-statistics akho ase South Africa ukuwukuthi abantu abawu 2 272 000 bala kule Province nabantu abangu 680 abanawo amanzi okuphuza, kuyiqiniso lokho okukhomba ukuthi igxathu liselikhulu okusafanele silitathe nabantu abacela ku 1 million abangenazo izindawo zokulahlala indle ngendlela efanele. Somlomo baba kusho ukuthi uma isigidi sabantu esingenazo izindawo ezihlanzekile kufanele kubabazeke nale ndaba yokuthi kukhona abantu abathola amanzi amahhala kuthanda ukuthi kube ihaba uma ukubheka inamba elana yabantu abathola amanzi. Ngakho-ke Mhlonishwa omasipala bethu basenkingeni enkulu njengoba oqeda kuhlala phansi la kade ekhuluma, uMhlonishwa uSithebe, ngoba labo masipala basekhaleni le ntuthuko manje uma benganikezwa imali efanelekile ukuthi bewenze lo msebenzi bazobukeka njengabantu abahlulekayo ukuthi benze umsebenzi wabo. Ngiyezwa-ke enkulumeni yakho uyathembisa nakuba imali incane kakhulu kunezidingo ezikhona ithanda ukufana neconsi liphonseka olwandle. Omasipala bethu kusho ukuthi abakwazi ukuthi bafeze izidingo.

Mhlonishwa, ngiyafisa futhi ukuthi mangisho ukuthi uSomlomo lo walapha ekhaya kusukela ngomhlaka 1 ku Okthoba kuya mhlaka 5 ku Okthoba kulo nyaka ikomidi lakhe elalihlanganisa wonke amaqembu amewe la eNdlini. UBaba uMthethwa obesihola siphumile futhi sayokuzwa izikhalazo zabantu. Ngiyabonga ngoba lapha eNdlini Mhlonishwa seyethuliwe iriphothi ekhuluma nge crisis esoThukela, uMkhanyakude naseMzinyathi. Ngiyacela ukuthi uMhlonishwa angathi uma ebona leliya bhodlela elilapha bese ecabanga ukuthi yizimbiza lezi zethu, cha, amanzi lana aphuzwa ngabantu bakithi angalungile kodwa naphezu kwalokho uma uyibheka le riphothi ngezansi Mhlonishwa ize isho ukuthi kunengane owesifazane owabe emumethe osanda kubulawa nje isilwanekazana esikhulu eyofuna wona la manzi lana angemahle. Izingozi ziningi-ke

esibhekene nazo.

Ohambeni lwethu-ke sibheke, njengoba eshilo lapha uMhlonoshwa uSithebe, ukuthi kade sithathe iPhalamende salisa ebantwini endaweni esiye kuzona lapha kwiZululand siye eLundi Municipality bebefike bakhale abantu. Ngingazibala nje ezinye izindawo zakhona uWard 20 wakwa Gqikazi bakhala ngamanzi abanawo ama toilet abantu bakhona. Singaya futhi kwa Ward24 kwa Mcineka awekho nhlobonhlobo amanzi okusho ukuthi mningi umsebenzi osafanele wenziwe. Siye futhi kwa Ward 22, nakuba bebonga abantu ukuthi sekukhona ugesi okhona omncanyanyana kodwa nawo amanzi awekho. Siqhubeke sihambe siye eManyamaneni Area la kuthiwa ugesi awukho khona nama toilet futhi awekho. Ngicabanga ukuthi kungumsebenzi wakho lowo Mhlonishwa okufanele usenzele wona. Siqhubeke njalo siye Obuka kwaMlaba la angekho khona amanzi. Bekunguhambo lolu ebesiluthathile namaLunga ahloniphekile, kukhona abanye abakhale ngokuthi, njengakwa Ward 12, abathi nje akukho lutho awekho ngoba engekho amanzi engicabanga ukuthi uMhlonishwa iriphothi lena uzoyithola futhi kaMhlonishwa uBaba uSomlomo.

Ngiphinde futhi ngiye eMadaka kwiZululand, ngisakhuluma nje ngeZululand iyodwa, la futhi le Zululand Mhlonishwa etholakale ukuthi kwayona isebenze kahle nezimali izisebenzise kahle. Ngizwe futhi uMhlonishwa ekhuluma nangokuthi kufanele iminyango ikwazi ukuxoxisana. Ngiyafisa ukuyincoma iZululand kanye noMkhanyakude ukuthi bayakwazi ukuxoxisana njengomasipala bangene ezivumelamweni omunye uma engenawo amandla. Izinto lezo ezenziwe uMasipala wase Zululand kanye no Mkhanyakude la kuzo sizakala khona abantu abacela ku 40 000 ebebengeke bawathole lamanzi mangabe abahlalanga phansi baxoxisana. Ngakho-ke ngiyayithanda leyo ukuthi iminyango kuhle ukuthi mayixoxisane. Sihambe siye kwaNongoma la esaya khona sathola ukuthi nakhona abantu basaphuza amanzi kanye nezinkomo bekhala ngama toilet oHlokolo. Kwa Ward 15 eMahhashini basacela wona futhi amanzi abantu. Kwa Ward 11 abantu basacela amanzi. Oceleni Area abantu basacela wona amanzi kanye nama toilet la osukhulume ngawo la. ESinkonkonko Mhlonishwa, abantu basakhala eZululand basafuna amanzi abanawo. OCabowakhe abanawo amanzi abanawo futhi ugesi, Mhlonishwa.

Ngingaqhubeka ngithini siye eNkosini yakwa Mandlakazi abantu bayawadinga amanzi abanawo eMandlakazi badinga nanama toilet. ESidinsi abantu badinga

amanzi.ESibonelo kwa Ward 2 abantu badinga amanzi badinga nama toilet. Mkhulu Mhlonishwa umsebenzi esisazowuhamba. La manzi nje esikhuluma ngawo, amanzi nje lana ayindalo kaNkulunkulu ehliwa uNkulunkulu ukuthi abantu bawaphuze la manzi bewaphuza mahhala. La manzi abakhona la esikhuluma ngawo abakhona umhlaba ungakahleleki njengoba usunje, amanzi esabizwa ngokuthi wuthwa, ngaleso sikhathi la manzi abaluleke kangaka.

Ngakho-ke ngithike Mhlonishwa uma sihamba kunomasipala ngempela ababukeka sengathithi bayehluleka ukufeza isidingo. Okunye engifisa ukuthi ngikukhalele kakhulu Mhlonishwa njengoba usuze wangena kule Ndlu usemandleni Mhlonishwa ukuthi uwehlise lamandla lana angahlali phezulu ubanikeze omasipala uthi uma usubanikezile la mandla besebenze omasipala ubusuyithumela nemali uyikhiphe imali Mhlonishwa ukuze atholakale amanzi. Kusemandleni akho Mhlonishwa, Ngiyabonga.

**THE SPEAKER:** The hon member Mrs Ambler-More has four minutes.

**MRS M H AMBLER-MOORE (DA):** Thank you, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** That is according to my amended Speakers' List. I am not sure if all members have the amended list.

**MRS M H AMBLER-MOORE (DA):** Thank you, Mr Speaker. My sense of humour kicked in when I listened to the hon Sithebe referring to the sitting in Vryheid. There were not many of us sitting there. I thought there were many chairs being thrown around. Who exactly was doing all the sitting I am not quite sure of.

This morning we had a presentation by Eskom, and the word that cropped up time and time again was "challenges". When you belong to a caucus as small as ours, you are faced with many challenges. One of them is to suddenly having to be an expert on a subject that you really do not know much about because you are not on the committee, but here I find myself addressing this House in front of the hon Minister.

However, I do think that I am qualified to do so, because I am a trained nurse and I fully understand the importance of water and what it means to people, to the health of this nation and to the country. We are very privileged to have had the hon Minister here today, and I want to thank her on behalf of the Democratic Alliance for taking the time to be here.

I have been privileged to have had access to an interpretation of the hon Minister's speech. We have guests here today who came especially to hear the hon Minister. They are non-isiZulu speakers, and I would request that we get the hon Minister's speech translated so that we can give it to the people who did not have the benefit of understanding what the Minister was saying. If that is possible, I respectfully request that. Thank you.

The hon Minister brought very good news to us, particularly regarding the funding of the local authorities in KwaZulu-Natal. However, as I was listening to her, I could not help thinking that it was only the tip of a melting iceberg. I just wondered about the statistics that the hon Minister gave us. Having spent quite a bit of my time working in this House, working in rural areas, I wonder if there are not more people without running water. The Minister is aware of the appalling condition that exist in terms of access to clean drinking water. It is always the women and the children who suffer the most. You see, it is the women who go to the river. It is the children who always help their mothers and their *gogos*. I was just wondering if the figures are not, in fact, much higher than the ones quoted by the hon Minister.

Madam Minister, you gave us very good news about the amount of money you have put aside for dams, particularly for keeping industries going through times of drought. I know it has been a concern in this province, and the question often asked is: Do we have enough dams? However, I have every confidence that the hon Minister is addressing that issue.

When it comes to water and sanitation, my hon colleague Mr Keys will speak on that. However, I really want to touch on a few points. As you have said, water plays a very important part – the hon Minister used the words “a pivotal role” – in our daily lives, and the statistics are scary.

I was very pleased to hear the telephone numbers that the Minister was reading out in terms of monies that have been allocated to improve water provision in this province. As I was listening to the Minister, I could not help thinking that we should be very thankful that we have such a good head in the South African Revenue Services in the form of Mr Pravin Gordhan. He has collected enough money for the provision of water sanitation for the people of this province. We thank the hon Pravin Gordhan. We used to meet behind

the bushes in the days of the struggle. I must just add that we were always in the company of others! [Laughter] I have often asked the question - and I do not expect an answer in this debate – but if the SARS can get it right, why can Home Affairs not get it right, too?

There is another point I would like to raise, Madame Minister. I believe we need to do a lot more for education. We tend to educate people when there is a water crisis. I think it should be ongoing. There should be continued education of our school children and of our communities. We need to realise that South Africa is a water-strapped country. What is more, we have a shortage of water, and people need to be conscious of how to save water. I grew up in a drought, so I am very conscious of it. [Time expired.] Thank you.

**THE SPEAKER:** Thank you, hon Mrs Ambler-Moore. The next speaker is the hon Mr Rajbansi. The hon member has eight minutes.

**MR A RAJBANSI (MF):** I have listened very attentively to the hon Minister for Water Affairs and Forestry. She has come, she has promised, and in her reply we would like her to give us a time when she intends to conquer.

In world history civilisations grew around where water was available - the Nile, the Rhine, the Ruhr, the Indus valley, Tugela, etc. Later on, there was another factor that shaped the history of the world, and that was looking for spices. It can categorically be stated that there are certain fundamental rights enshrined in our Constitution, but there are also certain rights and necessities of life that are enshrined by the Lord.

My colleague, the MEC for Health, will agree that when the Lord created the human body, he did not say that we should take tablets. He laid down a rule that every human being must drink two litres of water. My colleague here is a pharmacist, and she told me that if you are stuck with high blood pressure, you should drink water and the pressure will stabilise. Water is very, very necessary for health.

**AN HON MEMBER:** Your colleague and your wife.

**MR A RAJBANSI (MF):** This morning I was watching a very interesting programme on TV3. There is a conference in Nigeria about how to solve Nigeria's water crisis. The chilling news about Nigeria was that only 25% of Nigeria's population has access to fresh water. There was also a reference in the programme to a proposed Africa Water

---

Summit.

However, there are two important messages which the hon Minister has given us, and that is that, as a result of a provision in the Constitution and national legislation, the national Parliament, three portfolio committees and the NCOP and the provincial Legislature - through our portfolio committee – have gone to the grassroots level, to the deep rural areas to municipalities that are struggling, where people are crying for many of these facilities. These people have been listened to. The Deputy President has gone. Our national Minister present here today also confirmed that she has been listening to the people. Our President has gone.

When she emphasises that, she is responding positively. She is giving us programmes and she is giving us details of funds that are being set aside to address the challenges and the needs and the cry of the people. It is a clear indication that our efforts to go to *imbizos*, meeting the people, have been positive and are bearing results.

The hon Minister also gave us details of our rainfall belt, pointing out where we do not have sufficient national rainfall. We must also look at our catchment areas. We must look at the Lesotho Highlands Water Project. We must see if we can get water from the northern states, in other countries from the Zambezi valley, for instance.

I was telling you about a United Nations Water Report which gave details about the long-term water problems of the universe. We should not only look at the challenges of our immediate future, because our population is going to increase. Our industrial and commercial activities are going to rise. I say this against the background of history: The countries that have become economic powerhouses had their foundations built on agrarian reforms. The United States built itself into a powerful nation because they built dams. They built an excellent irrigation infrastructure. China is powerful because of agriculture. India is powerful because of agriculture.

I told the hon Minister earlier that the Indian government remains in office and is voted out of office based on water and electricity issues. She must therefore also look at the problems. What happens if our water supply runs dry, as is happening in Australia at present? Australia is experiencing a severe crisis. They are worried about the expansion of their population. They are worried about immigration because the whole country has a water crisis.

I am glad that the hon Minister gave us a programme where she covered the whole of the province of KwaZulu-Natal. Of course, there are some people who will say that things were done according to party affiliation. The programme she has given us is where the cry is the loudest, where the need which exists is the greatest.

I am glad she highlighted one important factor: In Bergville and Jozini we have dams, but the people in the immediate adjoining areas do not enjoy the benefits. We get water through bulk supply. We also have to reticulate water through municipalities. I want to appeal to the hon Minister that, when the formula for the distribution of municipal infrastructure grant is determined, we must give smaller municipalities more money. Do not give more money to bigger municipalities who generate their own revenue, because that is where they need the financial capacity and the ability and capability to give you the infrastructure for internal reticulation for sanitation.

I have brought an example of a type of “dry” sanitation system in India. This system does not require a lot of water, and it has won an award from the United Nations..

Within the context of sports we want to build swimming pools, but in certain areas we cannot build swimming pools. Madam Minister, KwaZulu-Natal is the swimming province of South Africa. We won first prize for swimming at the SA Games, so I hope when your dams are built ... [Time expired.] May I just add that, historically, the first irrigation system in this province was done by Indian engineers from India. They set up the first infrastructure for irrigation. Thank you.

**THE SPEAKER:** Thank you, hon member Mr Rajbansi. We will now proceed to the hon member Mrs Downs. She is not in the House and therefore forfeits the opportunity to address the House on this matter. We will then proceed to the hon member Mr Kubheka. Hon Mr Kubheka, you have 10 minutes.

**MR M A KUBHEKA (ANC):** Ngiyabonga Somlomo. Ngicela ukuthi ngiqale ngokuthi ngizwakalise ukuqala nami ukuthakasela kwami kakhulu ukuba khona kukaNgqongqoshe kazwelonke othintana nalezi zindaba zamanzi namahlathi. Kodwa ngiphinde-ke futhi ngizwakalise ukuthakasela kwami kakhulu inkulumo yeNkosi yaseMacambini, umhlonishwa iNkosi uMathaba osethe enkulumeni yakhe wabala izindawo eziningi kakhulu lapha esifundazweni lapho kunabantu khona abadinga izidingo ezifana namanzi nokunye. Esho uMcambi umhlonishwa egcizelela-ke

nokubaluleka kwalolu hlelo lokusa iPhalamende ebantwini ngoba ethi uMcambi yikho lokho okwenza ukuthi sazi ukuthi kudingekani kuphi. Siyayincoma kakhulu leyo Mcambi. Kuphela nje-ke ngiyazwelana naye umhlonishwa iNkosi uMcambi ngoba angazi ukuthi uzothini eqenjini lakhe. Uzolalaphi ngoba phela alifuni nokuyibona indaba yokuya ebantwini. Manje lokho kungenzeka ukuthi usenza buthuntu isikhali seqembu lakhe sokuthi uma ngabe kuyiwa ebantwini kumoswa imali. Uphuca-ke iqembu lakhe isihlangu sokusina kodwa-ke inkulumo yona iliqiniso. Ngingakuqinisekisa mhlonishwa uMcambi ukuthi ngenxa yale nkulumo yakho yokumelana neqiniso uma iminyango ikuvalekela ngapho ongakhona nakuba uNobhala wami engekho la eduze kwami kodwa nginesiqinisekiso sokuthi uyovuma ukuthi uyomukeleka ngapha ngakithi ngoba abakhuluma iqiniso yibona kakhulu esibafunayo ngapha. Mcambi.

Coming to the subject of today, I think we need to pat ourselves on the back and draw inspiration from the fact that we have made great strides in the fight against underdevelopment in our communities since 1994. I am saying this against the background of hundreds of years of socio-economic exclusion of the majority of the people in our country, our province included.

I am making this statement against the background of just 13 years of concerted effort to eradicate the ugly legacy of the past system. Hon Minister Hendricks, as we make our inputs, based on your report to this House, we count ourselves amongst those who do not necessarily believe, but who know for a fact that it is not forever that our people will live without reliable and permanent sources of clean and purified water.

We live in a province that is populated with vast tracts of rural land which are home to millions of people who were deliberately and systematically excluded from the mainstream political and socio-economic development of the country. It was not by coincidence, but by design, that these rural communities in the main should not have even a basic social services infrastructure. Life in the reserves for cheap labour had to be unbearable so that people will always be readily available to go to work and lodge in hostels in big cities and towns far away from their underdeveloped homelands. Running water, electricity, roads and solid shelter, amongst others, were preserves, though in a limited way, of urban dwellers.

In case some of us have lost sight and memory of this historical reality and start talking as

if nothing has ever been wrong, hundred percent of the people without water in this province live in these areas that I have just cited. iNkosi Mcambi ivumelene nami umhlonishwa kakhulu uma ebala zonke lezi zindawo ozithola eZululand, ozithola eMkhanyakude nakulezi ezinye izindawo ongazibala. Kulezi zindawo ezazikade ziphethwe ohulumeni laba abakhandwa baba yimigogwane ngenhloso yokuthi kube yithi njengabantu esithatha irresponsibility ye-underdevelopment kube kungasithina esilawula izimali nomnotho wezwe ngokunjalo.

What is the picture today? I have had a sight of a survey by the SA Institute of Race Relations regarding the delivery of water. It indicates a 10,3% increase in the number of people with access to clean piped water in the period of three years - that is, from 2002 to 2005. It indicates a rise in figures from 56% in 2002 to 62% in 2005. This is great progress. We are making progress, but the challenge remains for us to ensure access to those without access to water, including the estimated 700 000 people who live without proper sanitation.

In your 2007 budget speech, hon Minister, you made one very key and important point, and you have alluded to it in the report you delivered in this House today. I would like to quote verbatim what you said in your budget speech in the National Assembly on 17 May of this year, if I recall correctly, and I quote:

One of the biggest challenges faced by the municipalities is lack of bulk water infrastructure and waste water treatment capacity. This lack of infrastructure is becoming particularly acute as we roll out water and sanitation services. The optimum solution is often regional works that could supply a number of municipalities. This solution requires the municipalities to co-operatively plan funds and operate the works.

Further on in her speech the Minister makes the point that her department has decided to establish a special programme for water services bulk infrastructure, and that R1,4 billion throughout the country has been allocated over the next three years. I am sure that we in this House cannot agree with you even more, hon Minister. You have heard other members saying that we need to improve and develop the capacity of our municipalities to enable them to spend even more than you have commended them for in this particular area.

Your point about municipal co-operation re-enforces what you have also indicated here about our engagement with the problem-riddled UThukela Water Company which, as a water services provider, is a very important and strategic initiative. As we all know, it has great potential, but at the present moment it is on the brink of total collapse.

I am happy that you have alluded in your report that you also engage with the Office of our hon MEC, Mr Mabuyakhulu, in trying to assist in whatever way possible to get Uthukela Water Company back on track, so that communities from those areas are also able to access this important resource.

In conclusion, thank you for the progress report which you have presented here. Maybe before that, let me re-enforce a point which the hon member Sithebe has touched on, namely that of aligning the targets of municipalities with the broader targets of your department. He mentioned the fact that most municipalities are working on plans for 2020 or 2030, when we have 2008 and 2010 as important deadlines. I think aligning those particular programmes is important. Thank you, hon Speaker.

**THE SPEAKER:** Thank you, hon Kubheka. We will now proceed to the hon Rev Mbatha who also has 10 minutes. That is in accordance with my amended Speakers' List.

**REV A H MBATHA (NADECO):** Ngiyabonga Somlomo. We thank you honourable Minister and your department for the good work done on the provision of water in our country. Ngiyabonga nje-ke nokuthi Ngqongqoshe ufike ukhulume ngesiZulu lapha ePhalamende angethembe ukuthi ufundise abaningi lapha beqembu lakho ukuthi kulePhalamende kufanele ukuba kukhulunywe ngesiZulu.

Indaba yokuqala Ngqongqoshe esifanele ukuba siyibheke ukuthi udaba lwezamanzi kwakukhulunywa ngalo kuqala abantu bengazi bomdabu ukuthi kwenziwani ngamanzi. Iningi labantu bomdabu bazi ngamanzi ngoba sekuthiwa kuzokwakhiwa idamu lapha ngakho thuthani. Futhi abantu bazi ngendaba yamanzi uma sebebona idamu elikhulu lakhiwa endleleni lapho behamba khona kokunye lifike liggqibe nomthombo lapho izinsizwa zazeshela khona. Mina ngiyakweseka ukuguqulwa kwama-irrigation boards atransfome abe ngama-Water Users Associations. Kodwa isikhalo sami mhlonishwa ukuthi noma ibhodo seliguqukile laba yi-Water Users Association abalimi abamnyama bahlala belokhu bengenawo ama-irrigation rights njengalokhu kwakunjalo kuma-Irrigation Boards. Futhi uma bewathola ama-Irrigation Rights bangabi nayo nhlobo imali

ye-infrastructure ukuze ukuze bakwazi ukufaka ipump lapho kufanele ifakwe, khona bakhokhele ugesi, bafake i-infrastructure yamapayipi aze afike amanzi lapho befuna ukuwasebenzisa khona. Lokhu kwenza ukuba bamangale abalimi abafufusayo ukuthi yini ngoba uhulumeni wabelungu wayebasiza abelungu ukuba bakuthole konke lokhu. Bese kuthi uhulumeni wabantu bakubo angabasizi bona bengabalimi abafufusayo nge-infrastructure ukuze bakwazi ukukuthola konke lokhu. Futhi okungenani Ngqongqoshe uma uhulumeni engathi uzobanikeza ama-irrigation rights abakhokhele bese ethi nina zamani i-infrastructure yokuthi niwathathe amanzi niwalethe emapulazini noma emafarmini enu ngabe kungcono. Okwamanje kuvele kungabi bikho lolo lusizo ngaphandle kokukhuluma ngalo kule Ndlu. Ngiyabahlonipha abahlonishwa bezolimo bahlale bekhuluma kule Ndlu sengathi ayaphophoza amanzi ezindaweni zethu sizithulele nje thina esaziyo ukuthi sizobuyela kuma arêtes amanzi engekho. Endaweni mina lapho engihlala khona Ngqongqoshe umlimi omhlophe owayengaphambi kwami wayenedamu elikhulu esebenza atshale izitshalo kwafika imvula enkulu yaligqabula lelo damu sengizofika mina, angisoze ngibe nayo imali yokulakha ngoba lalaxiwe yimishini kahulumeni wabamhlophe belakhela umuntu omhlophe. Uma ngikhuluma mina njengomlimi omnyama nombuso wakithi omnyama ngifana nomuntu obhedayo ngitshelwa izinto zize zibe yinkulungwane ezenza ngibone ukuthi angisoze ngiyithole.

Indaba elandelayo mhlonishwa yilena, ukuthi abalimi abasafufusayo ababalwa ndawo bona emxhasweni- kodwa ngizwile lapha mhlonishwa ngiyakuhlonipha futhi ngiyabonga ngizwile ukhuluma ngabaseMajuba ukuthi bazosizwa abalimi abafufusayo ngiyakubonga futhi ngiyakuncoma lokho sengathi kunganda.

Umhlonishwa wezolimo umhlonishwa ohloniphekile uMtholephi uthe ngesonto eledlule eThekwini uma sekunekhulumulo lezindiza abalimi abaseduzane kwaseThekwini bazosizakala ukuba batshale izilimo bese zihanjiswa ngekhumulo lezindiza ziye phesheya, ngahleka ngizwa lokho ukuthi nangu uNgqongqoshe ehlekisa ngabantu bakithi. Bayobe bewathathephi amanzi okutshala lezo zilimo, bayobe beyithathephi i-infrastructure yokuthi bakwazi ukuthi izilimo zabo zingangenwa yizifo? Ngabona ukuthi zihle izifiso kodwa kungokunye uma lezo zinto sezenzeka. Angikaze ngimbone mina umlimi waseThekwini oxhaswa nguhulumeni ukuba atshale izitshalo ngisho kule makethe nje yalapha kithi, ngisho ofufusayo.

Ngithi-ke mina, amavegetable okukhulunywa ngawo azoqhubeka etshalwa ngezinye

izizwe ezixhaswayo noma ezaxhaswa okwaxhaswa oyise-mkhulu okunamhlanjena sezivuna izithelo zefa lawoyise-mkhulu. Akusoze kube ngabakithi, thina siyekelwe mhlonishwa emabhangeni anonya ngendlela ongakaze uyibone. Kuthiwa mina uma ngingumlimi ofufusayo ngifanele ngibe no 50% ukuze ibhange likwazi ukungisiza, ngaphandle kwalokho angisoze ngilithole ibhange elingangisiza ngisho leli okuthiwa ngelesizwe, ngezwa kuthiwa lithenga isoccer club endaweni ethile.

Ngithi-ke mhlonishwa, kufanele ukuba kube khona okungenani umnyango wakho okwenzayo ukwelekelela nge-capital abantu bese kuba yindaba-ke yabantu yamanzi okuphuza mhlonishwa ngiyakubonga lokhu okushilo. Kodwa kuyo yonke indawo imiphakathi mhlonishwa ikhala ngokuthi ayinawo amanzi afinyelela lapho ihlala khona. Kweyakithi indawo ngenxa yemining imifula eyayigeleza kuphuza izinkomo nathi siphuza khona seyangena ngaphansi yashona ku-water table ngoba uma kucollapsa amadwala emining imithombo eqhamuka ngaphezulu ishona ngaphansi bese kuthi imifula oyaziyo eyayigcwala uma lina izulu ingabe isaba khona kuphenduke ugwadule endaweni. Endaweni yakithi kunogwadule kunenyungunyane kuphela umfula ongaphuza kuwo amanzi nakhona ngithi mhla kwafika abayokwenza imining iNyungunyane iyoshona ngaphansi kodwa kunedamu elikhulu elibizwa nge Pareys Dam elakhiwe emfuleni uBivane, bagijima kulo ngezikebhe kodwa kube kuyidessert kuyo yonke indawo esiphila kuyo ngoba lawo manzi esingakwazi ukuwaphuza into akwazi ukuyenza ukusivalela imigwaqo ukuba sifike ezihlotsheni zethu.

Bese-ke ngifika endabeni yama-alien plants mhlonishwa ngiyakubonga ngalowo mzamo owenzayo abakwa-Water Affairs ngokubulala ama alien plants kuma catchment areas. Kodwa nakhu mhlonishwa, kufanele le nto ibe co-ordinated nabanikazi bezindawo ukuze abanikazi bezindawo bakwazi ukwenza inkuthalo ukuba ama-alien plants abulawe. Iprocess ihamba ibe slow ngendlela eyinqaba ama-alien plants agcine eseyiqova yinke indawo amanzi aphele silindele iprotocol elandelwa ngumnyango uma kwenziwa lokhu. Mhlonishwa umnyango wakho ufanele ukuba uselekelele ukuba ukulwa nama alien plants kwenziwe ngamandla.

Kukhona amadamu asavalwa yi-hyacinth. I-hyacinth eyenza ukuba kugcine kusilte up idamu lingasatholakali nhlobo ukuba libe khona kanti ukuba i-hyacinth yayispreyiwe noma yenguliwe ngesu elithile amanzi ayezoqhubeka abe khona. I-hyacinth futhi inamandla iyawaqeda amanzi a-evaporeta aphele ngesidumo uma idedelwe yaba phezu

kwamanzi.

Mina-ke mhlonishwa ngithi uma uke waphumelela ukusenzela lokhu uyobe usenzele olukhulu ikakhulukazi thina bantu abangabalimi abafufusayo. Eyethu indlela yindlela enzima ngenyathuko eyinqaba, uthi ubheka ngala kwezolimo umnyango wezolimo uthi akuthina lapho abakwa-Water Affairs bese uthola ukuthi abakwa-Water Affairs aba reguletha abaphethwe kuprovince. Mina ngisondele kabi emnyangweni wakho mhlonishwa izisebenzi zakho zingakutshela. Ngike ngiye emihlanganweni yabo ngihlale sixoxe sikhulume ngiye futhi noma ubize indaba ngifike ngilalele ngikhulume, kodwa ngidideke mhlonishwa ukuthi kuzo zonke lezi zindawo awuzungasimema thina njengabalimi abafufusayo ukuze usizwe ukuthi yini ezethu izinhlopheko ezimaqondana namanzi. Yini izinto thina esingazibeka emnyangweni wakho seluleke ngazo ukuthi singasizakala uma kwenziwe lokhu nalokhu. Mina ngithi-ke mhlonishwa uma ungaselekelela ngalokho uyobe usisizile bese usivikela mhlonishwa kulaba asebephendule imithombo yakithi yemvelo bayiguqula yaba yimali, bese bethatha la manzi kaNkulunkulu nje atholakala ezindaweni bese befaka izimpompi bewathatha bewafake emabhodloleni naliya nje leli bhodlela. Uma umuntu efuna ukuwaphuza la manzi kudingeke ukuthi aphenduke isigwili esikhulu kanti la manzi ayekhona nje ekhiwa ngezigubhu ekhelwa obaba baziphuzele bengawathenganga, bangabe besakwazi ukuba ne access kula manzi kanti ngawakhona lapha ezweni lakithi nawo ngakho-ke nakuleyo ndawo mhlonishwa ungasiza uma ungaselekelela ukuba amanzi angayi ngokudula esikhundleni sokuba aye ngokudula aye ngokutholakala kubantu bakithi.

Mina Ngqongqoshe ngithi, uma ungasivuselela amadamu asasilta up, usivuselele amadamu asagqabuka emuka usisusele ihyacinth, uselekelele ukuba amaboreholes ethu angacollapsi, uyobe uselekelele ngezamanzi.

Ngiyabonga.

**THE SPEAKER:** Shall we then proceed? Awu kahle kahle honourable Chief Whip ufunani lapho engabe usendaweni yakho? Buyela endaweni yakho. Baba uMsomi awukhulume for six minutes.

**MR B J MSOMI (UDM):** Somlomo angiqale ngokubonga nami ukuthi umbiko othulwe uNgqongqoshe uwenzile umsebenzi wakhe, uresearchile ngoba into ayikhulumayo yinto esiyibonile nathi. Mhlawumbe nami ngizovumela uKhathide ukuthi mhlawumbe yikhona

iNkosi yaseMaCambini igcine icula leli culo egcine ilicula, kobe kusho ukuthi-ke cha ngiyabonga iNkosi. Cha, iNkosi ikhulume kahle mina ngibonga lokho nje.

Ehh, Ngqongqoshe ngithi angibonge kuqala ngenkulumo yakho yonke oyishilo ngoba ucishe wakuthinta konke lokhu obekungihlupha mina njengamadamu amakhulu afana noJozini nelinye elilaphaya eMtuba nakwezinye izindawo othola ukuthi abantu abaseduzane kwalezo zindawo abakwazi ukuwathola amanzi. Okungiphatha kabi-ke Somlomo ukuthi uma ngibheka eMakhathini Flats, neJozini Dam, iJozini Dam yakhelwa ukuthi iphakele abantu abangabalimi kube yi-irrigation kukhona ischeme laphaya se-irrigation, kodwa okwenzakalayo njengamanje lesiya scheme siyafadabala ngoba akekho umuntu okwazi ukuvuselela leya mishini nokunaka leya mishini amapump alaphayana cishe acosta amabillions masekwenzeka.

Kodwa ngiyabonga mhlambe uNgqongqoshe uma kukhona-ke akushilo mhlambe ukuthi kukhona ukuvuselela okuzoba khona okuzokwenzeka laphaya. Omasipala badonsa nzima Somlomo. Ngiyakhumbula nje kwenye indawo siseMtuba kunesomiso esiyisimangaliso la kwaze kwakhulunywa khona indaba yama waterkan. Mhlawumbe ngingajabula uma umnyango kaNgqongqoshe la engakabi khona amanzi bakwazi mhlambe ukuqhamuka nezinhlalo zokukwazi ukuwusiza lowo mphakathi ngoba sekunezifo eziningi manje ezidalwa ukuthi amanzi awekho.

Mhlambe balekeleleke nalabo masipala ukuthi bakwazi ukuthola izimoto ezanele ezingakwazi ukuthi ziyise amanzi emphakathini. Okunye-ke abantu abakhala ngakho kakhulu ezindaweni zasemakhaya yilaba mhlambe umhlonishwa uMfundisi uMbatha akade ekhuluma ngabo abangabalimi abasafufusa. Imfuyo emakhaya iyafa ngenxa yokuthi awekho amanzi. Ngikhumbula nje kwenye indawo esasambe khona nayo iNkosi kwesikaCombrink, abantu bathi okungenani bangajabula uma bengase bakhelwe amadamu ukuze imfuyo yabo ikwazi ukudla. Ngiyakubona okwabo, kodwa nemfuyo igcina ifile ngenxa yokuthi amanzi awekho.

Ngiphinde futhi ngibonge la ukuthi uNgqongqoshe akhulume khona ngendaba yoThukela Water ngoba leya yinkinga leya Ngqongqoshe esihluphe kakhulu abantu bekhala ukuthi yebo banawo amandla kodwa amanzi abawathola laphaya abiza ukwehlula abantu abakwazi ukufinyelela kuwona. So kungaba kuhle-ke mhlawumbe ukuthi ngempela leyo nkinga ikwazi ukuxazululeka ngokushesha ngoba isithanda ukuba

yimbi kakhulu.

Enye into ebengifisa ukuyazi ukuthi yini umnyango oyenzayo ukuvuselela njengoba sekuke kwakhulunywa ngomunye wemifula la uSuthu ngoba le nto ye global warming cishe iyona futhi enesandla ekushiseni imifula yakithi ngoba siyabona ukuthi la ma seasons esesibhekene nawo, amaseasons esiwabonayo manje awasafani nala maseasons esasiwazi ukuthi awu 4 ngonyaka; kukhona intwasahlobo, kukhona ihlobo, kukhona intwasabusika, kukhona ubusika. Izinto zijikile manje ngoba ngisho imifula ebingashi isiyasha manje. Ngale kwalokhu ekade kushiwo uMfundisi uMbatha ukuthi mhlawumbe ngenxa yalezi zihlahla zokuhamba amaalien plants, igcina imifula emikhulu ishile. Ngingajabula ukuzwa ukuthi uNgqongqoshe kukhona yini abakwenzayo ukubhekana nale problem le yeglobal warming.

Okunye-ke engifisa ukukusho la uma kukhulunywa ngogesi njengoba kade kukhona abakagesi la bakwaEskom, banohlelo lokuthi izikole nomnyango wezemfundo la kuthiwa izikole zizofakelwa khona ugesi kodwa asizwa kahle emnyangweni ukuthi lukhona yini uhlelo-ke lokusiza lezi zikole ezisemakhaya ezingenawo amanzi nhlobo ngoba ayadingeka amanzi kulezo zikole. Angikholwa ukuthi singalinda eside isikhathi kuze kungene ugesi amanzi engekho ngoba ngokwami amanzi ahamba phambili kunogesi. Ngingajabula uma uNgqongqoshe engasho ukuthi lukhona yini uhlelo abanalo lokulekelela izikole zakithi lezi ezisemakhaya ngempela ukuthi zikwazi ukuba namanzi ngoba kuyinkinga ngempela amanzi awekho ngisho ama toilet akhona uthole ukuthi awashaywa adala izifo awekho clean ngalolo hlobo.

Okunye-ke sinezibhedlela Somlomo ezifana nakoMzimkhulu lapho kuthiwa khona amanzi ayaphela nje ezibhedlela angabi khona kuthiwe isiguli asihambe siyozikhelela amanzi kwenye indawo, ukuthi sekuke kwafika yini emnyangweni bakwazi ukuzilekelela lezo zibhedlela ukuthi zikwazi ukuthola amanzi ngaso sonke isikhathi. Cishe uNgqongqoshe wezeMpilo okhona la uwufakazi wami uyazi ukuthi kunezibhedlela ezingakwazi ukuthola amanzi. Cabanga-ke isibhedlela singenawo amanzi ukuthi kusho ukuthini. Enye yezinkinga leyo engicabanga ukuthi umnyango kufanele ubhekane nayo.

Kungasiza-ke futhi kakhulu, izikole njengoba sengishilo, bese kuzoba yilezi zindawo-ke Somlomo othola ukuthi abantu abakhelene eduze kakhulu, they are not densely populated, othola ukuthi amanzi nje ababalwa ngisho ukubalwa. Uma kuthiwa

abazifakele ipayipi kukhulunywa ngenkulu imali kuthiwa abantu abazidonsele amanzi, ukuthi ngabe akuzoyidala yini inkinga kusasa ukuthi labo bantu abakulezo zindawo bagcine bethuthile baya emadolobheni bayokwakha imijondolo lo uNdiyema athi uzama ukuyiqeda ngenxa yokuthi izinkonzo zentuthuko azikho ekhaya awekho amanzi emakhaya ukuthi ngabe bacatshangelwa kanjani labo bantu abanjalo ukuze bangasuki ezindaweni abahleli kuzona ngoba kuba yinkinga ukuthi uzofaka intuthuko lapho sekunabantu khona kuthi nala abantu abaxxxx ngoba labo bantu bagcina besukile lapho baya la kukhona khona la kwenzeka khona izinto. Ngeke yini kusilekelele ukuthi kulezi zindawo ezingenabo abantu kangako bacatshangelwe ngezinkonzo ezifana namanzi ngoba amanzi ayisidingo-ngqangi ngeke uphile ngaphandle kwamanzi, ngaphandle uma kuthiwa suka kuleyo ndawo uhambe uyodala enye inkinga futhi ezojika ihluphe yena futhi ugovernment. So bengibonga kakhulu ukuthi ireport esiyitholile cishe iyasivula amehlo futhi ikukhavile okuningi. Ngiyathemba ukuthi nomasipala ababe khona la iziMeya zikutholile cishe ebezifuna ukukuthola nazo ukuthi ulwazi olukhona ngokuthi wenzani umnyango. Ngiyabonga.

**THE SPEAKER:** Allow me to give this opportunity to the hon member, Mr Keys. The hon Mr Keys has seven minutes

**Mr R E KEYS (DA):** Thank you, Mr Speaker and thank you, hon Minister.

*[Insert isiZulu]*

... before we come to this House to be able to debate it. In that sense we have not had the responsibility ... [Interjection]. That is no excuse! We have not been able to do justice to the in-depth report that has been delivered by the hon Minister.

Madam Minister, the right to water is a basic human right. Water is life. My colleague Mrs Ambler-Moore made that very clear. The delivery of water rests in the hands of local authorities. Now, there are 39 out of 61 local authorities that are under forensic investigation. That is a disaster, whichever way one looks at it! If local municipalities are unable to manage themselves correctly, how can we expect them to manage water supplies?

They have to deal with catchments. You have spoken about dams that are going to be built, and we commend you on the number of dams you have put forward. The feeding

---

of the Mooi River into Midmar is long overdue and it will supplement the feeder that has been developed between Mooi River and Midmar.

We know the Greytown Dam is essential. Greytown has run out of water a number of times, and maybe we should also look at Kokstad because the prisons that have been built there have put enormous pressure on the water supplies in Kokstad.

Madam Minister, you have said that money is in the budget. Could we have an indication of when it is going to start? What are the timelines? You have mentioned a two-year plan in terms of the building of dams. However, it will be an enormous task to build the five or six dams that you have identified in a two-year period, if I heard you correctly.

An item that we need to deal with in this province is sewerage and sewerage treatment. The capital city of KwaZulu-Natal is Pietermaritzburg. We have a sewerage treatment plant on the banks of the uMsunduzi which is creaking and groaning at its seams. It cannot take an additional load. We have the entire Edendale Valley which is still on the long-drop system. We have not moved towards water-borne sewerage in the Edendale Valley. Where does that sewerage go for treatment?

We have a sewerage treatment plant in Dannhauser. It is a situation which I think the health authorities would condemn, because it allows for open-plan sewerage to develop. If you drive past there, you will see that it is worse than being in some of the worst school toilets you have ever been in your life.

There is a diminishing capacity in our cities, Madam Minister. There is a diminishing capacity in our cities to deal with sewerage. We have a number of cases where raw sewerage spills into the rivers in the province. It is surely your responsibility and jurisdiction when it comes to protecting the integrity of our water systems. Are we actually dealing with it? [Interjections] I am not addressing the hon Unhappy Blose. [Laughter]

Madam Minister, we would like to know how the dams are planned in terms of population growth, in terms of agriculture needs and in terms of industrial need. Many years ago, while I was studying, we were able to ascertain that the carrying capacity for the entire country is 80 million people. We are getting very close to that. We are going almost up to 50 million. Of course, the population will grow exponentially. How do we in this province

understand the needs?

I must say, it is good news that the Jozini Dam is going to be used to provide water for the residents. It is a sin to see a huge dam when the people living on its banks are not able to have water. In that sense, yes, well done and let us hope that that goes ahead.

I would like to address another matter in the hon Minister's report, and that is the question of uThukela. Now, uThukela has three WSAs - uMzinyathi, Amajuba and Newcastle. They put uThukela on terms because of the management of uThukela Water Board being in such a disastrous situation. A municipal entity is there to serve the people and to serve the municipality that is paying it. This is one example of where this entity has gone terribly wrong because of greed, self-enrichment and a complete lack of service ethic.

I would just like to read from the minutes and a report. When they talk about the company, they are talking about uThukela, and I quote:

No financial reporting in terms of WSP agreements and the MFMA, notwithstanding numerous reported requests.

It just refuses to give financial reports. I continue:

Failure to institute proper credit control and debt collection; excessive drainage on WSA funding; very poor and in certain areas non-existent service delivery ...

Here this company has been paid millions of rands for zero service. There is no accountability in the company. There is a shortfall in the top-up clause in the WSP agreement. Less than 18% of the budget is actually spent on operations of the company. The bulk of the money that goes to uThukela goes into high S & T claims. A board member attends a sitting of the board, and for this is paid R5 000. This is excessive, Madam Minister. In this case greed has overtaken the service ethic. We have to deal with it at its core.

As I have said, these municipalities have put that company on terms. If they do not pull their act together by January, that board is history. The problem is that uThukela has built up such an enormous number of liabilities that the municipalities will struggle to pay it of. [Time expired.] I thank you.

---

**THE SPEAKER:** Thank you, hon Mr Keys. The hon iNkosi N J Ngubane has 10 minutes.

**INKOSI N J NGUBANE:** [\[Insert isiZulu\]](#)

A pamphlet originating from the Department of Water Affairs and Forestry reads, and I quote:

The South African Constitution states that everyone has the right to an environment that is not harmful to their health or well-being. This includes a constant supply of clean, safe drinking water.

However, it does not end there. The same pamphlet continues to say:

Safe drinking water is water that is acceptable for humans to drink and use for other domestic purposes such as food preparation and bathing.

This is a noble ideal which we cannot fault, but does it reflect the reality of our country? Yes, according to the South Africa Survey of 2006/2007, the proportion of the population receiving free basic water has increased in KwaZulu-Natal, among other provinces. However, a closer look at the same survey reveals that, while by 31 March 2006 the proportion of the poor in this province who had access to free basic water was 67%, this figure becomes nothing to write home about when it is considered within the context of different race groups. The same survey tells us that only 24,1% of Africans have running tap water in their dwellings, compared to 87,7% of other races.

This situation tells a tale of two cities, as it were. On the one hand, one is attracted to a life of plenty and luxury in the major cities of KwaZulu-Natal where access to water is a matter of moving from one's lounge or bedroom to turn a tap in the kitchen. However, the picture changes completely when one travels away from these developed areas to the rural parts of our country, where the majority of us come from. Here you come face to face with want and poverty. You are confronted with long queues of women and children, each carrying up to 25 litres of buckets of water drawn from polluted rivers in most cases.

[isiZulu](#)

[Kuhle kwesinye isikhathi ukwenza isibonelo ngendawo ohlala novella kuyo.](#)

---

Laphaya eSisonke sinezindawo zaMakhosi okuyilezi:

- a) AmaNgwane
- b) Bhidla
- c) Zashuke
- d) Macala Gwala
- e) Memela
- f) AmaKhuze
- g) Isiboneelo Esihle
- h) Madzikane
- i) Vezokuhle

Uma ngibala lezondawo ezithinta iBulwer, Donnybrook ngiyiyeke ingxenye enkulu yeSisonke.

Kulezindawo engizibalulile, ngaphandle kwemifudlana engashi, ubusika nehlobo, kukhona imifula emibili emikhulu, okunguMzimkhulu noMkhomazi. Yomibili lemifula isuka ezintabeni zoNdi noKhahlamba iyongena shi olwandle, ngaphandle kwedamu ngisho elilodwa nje elivimba amanzi. Wonke-ke laMakhosi nabantu abaphila nawo ezindaweni zawo abanamanzi. Izicagogwana ezakhiwa ziyasha ebusika abantu babuyele ezindongeni nalapho bengathola khona lawomanzi angahlanzekile.

UMnyango wezoHulumeni baseKhaya nezaMakhosi neZindlu uyazi nje ukuthi noma wangemukela kahle ekukhaleni kwami ngamanzi kodwa alukatholakali usizo. Sisadla noma siphuza amanzi nezilwana zasendle nemfuyo yomphakathi.

Singathokoza kakhulu uma uMhlonishwa uNgqongqoshe engalekelela ikakhulu nagezimali ukuze uMnyango wethu weSifundazwe noMasipala uSisonke bakwazi ukusisiza.

The IFP is founded on the principles of *ubuntu* and integrity; hence we do not avoid

---

giving credit where credit is due. Let it be recorded, therefore, that the government has taken noticeable strides towards ensuring that all residents in this country have access to clean and safe water.

[Insert isiZulu]

For that we applaud the government. However, I argue that, if the ANC had been brave enough to break away from the shackles of its alliance partners and fully embraced the IFP's position which is based on experience and realism, they would have done far better than what they are doing now.

Our policy on water affairs has always been as follows: The IFP does not accept that water should be "owned" and controlled, down to the last drop, by the national Minister of Water Affairs, but that its management should be KwaZulu-Natal, devolved to the lowest practicable levels. The IFP believes that the national government must limit its role to co-ordinating and planning for the collection of water through the building of dams and canals, as well as tapping river systems in neighbouring countries which have spare capacity. Bureaucratic controls over water should be reduced in order to save money.

The management of water resources and the allocation of water, including the sale of water, should be entrusted to the provinces. Provincial administrations should manage all aspects of water provision except those involving major capital projects, the integration of water systems and international negotiations over the supply of water from foreign countries. The value of water should be recognised between provinces through the payment of royalties.

The day-to-day control of water resources, in their areas of jurisdiction, should be entrusted to traditional agencies such as municipalities, irrigation communities and traditional councils where applicable.

The IFP advocates the privatisation of water and urges that the control of water be effected through the price mechanism. Private companies which enter the field of water supply should be contractually bound to provide water to needy communities. Moreover, the poor and the needy should be assisted with payment for water, where necessary, through government subsidies.

We understand that the ANC comes from a Marxist-Leninist background which was

premised on the concentration of power and nationalisation. While global events that led to the collapse of the USSR and other Communist states forced the ANC and other Marxist-Leninist groups to revisit their positions and reposition themselves, it is also true that old habits die hard. However, we applaud the government for having heeded some free lessons which the IFP has given them. The IFP will always show the way. This is evident in a statement that was made by former Minister of Water Affairs, the hon Mr Ronnie Kasrils, who, when responding to the question on the issues of water, stated, "We seek in a practical, non-ideological way sustainable solutions. [Time expired.]

[Insert isiZulu]

**MR S J GCABASHE (ANC):** I rise on a point of order, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** Yes, Mr Gcabashe?

**MR S J GCABASHE (ANC):** Mr Speaker, a point of order ... [Insert isiZulu] 17:21:50

**INKOSI N J NGUBANE (IFP):** I do accept that, Mr Speaker. [Laughter] I need something to stand on in order to be seen by the people. [Laughter]

**THE SPEAKER:** *INKosi yamaBovu uma kudlalwa ngayo kuzofanele ukuthi ngiyigade.* Hon Minister for Local Government and Traditional Affairs, MEC Mabuyakhulu, you have 10 minutes. That is the final member who will take part in the debate. As I have indicated, I will give the hon MEC Mkhize an opportunity to speak, after which the hon Minister will have an opportunity to reflect on the issues raised in this House. Hon MEC Mabuyakhulu, please proceed.

**MEC M MABUYAKHULU (MEC for Housing, Local Government and Traditional Affairs):** *Somlomo ohloniphekile wale Ndlu, mhlonishwa Ngqongqoshe kazwelonke okanye nathi, mhlonishwa Ndunankulu namalunga ahloniphekile onke akhona phakathi kwethu.*

*Kuyisibusiso ukuba lo hulumeni wentandoyeningi usiphe ithuba elifana naleli nohulumeni oholwa yinhlangano yabantu kulesi sifundazwe ukuthi ngesikhathi sekuyiyo ephethe uhulumeni walesi sifundazwe kuleli Phalamende ime ithi mpo ingagudluki yazi ukuthi kunemisebenzi kahulumeni okudinga ukuba yenziwe ngoNgqongqoshe bakazwelonke ibalethe la kulesi sifundazwe la kuleli Phalamende ukuba bazokhuluma izindaba*

ezithinta isizwe.

Siyafisa-ke ukuqala mhlonishwa Ngqongqoshe sithi akukho silima sindlebende kwabo ngaso sonke isikhathi. Kuye kube khona-ke osikhwili phambana nobhoko abasebenzisa le nkundla ukuba bazizuzele bona ngokwezombusazwe. Abanye-ke abangalikhulumi iqiniso njengoba linjalo. Lunga elihloniphekile uKeys, akalikhulumanga iqiniso mhlonishwa nxa ethi umbiko uyaye ubekwe ngayizolo ngoba awukho umbiko obekwa ngayizolo ngoba phela usuke uzokwethulwa uNgqongqoshe ngalelo langa. Kakwenzeki ngisho kulesi sifunda, ngakho-ke ubegibela imfene emini nje nxa ethi kuyenzeka lokho.

Okwesibili, sifisa ukuba sibonge ukuthi inhlangotho yabantu, umbutho wabantu wesizwe u-African National Congress kanye nabantu baseSouth Africa ngo 1955 bayihlahla le ndlela okunamhlanje-ke sesihlangene la ukuzoqhuba lowo msebenzi. Kuyasithokozisa nxa sizwa ukuthi abantu babethe uma sekukhona uhulumeni wentandoyeningi uyobhekana ngqo nezinto eziyizinselelo nezidingo zabantu. Yikho lokhu-ke okukhona mhlonishwa okubeke phambi kwalo mbiko wale Ndlu ehloniphekile yePhalamende. Kodwa futhi sibonga ukuthi le nhlangano ikhulule ngisho nabanye ebebengakwazi ukukhuluma ngokukhululeka. Siyakuthokozela ukuba iNkosi yaseMaCambini, uMthabelo wokudla okukhulu akhululeke la alimele iqiniso njengoba linjalo. Siyakhuleka Mcambi Mthabelo Wokudla Okukhulu ukuba ilambu lokukhanya selifikile, lifike ngempela ngoba iqiniso liyazisho awukwazi ukulifihla. Liyazisho ukuthi nxa leli Phalamende liya ebantwini lisuke liqonde ukuyozwa lezi zidingo zabantu nxa kukhona phakathi kwethu abafisa ukuthi imibono yabantu ingezwakali lo mbiko wakho mhlonishwa omuhle kangaka ubuyozwakala kangakanani. Bewungeke ngempela udile ngokuthi leli Phalamende kusuke kungashaywa abantu ngemfe iphindiwe. Kasisho kubantu ukuthi kababambe iqanda lenjelane nxa siya kubona. Sisuke siyoba kubona ngeqiniso ukuthi balaleleke nazi izimpendulo ziyabonakala. Imisebenzi-ke yomuntu nomuntu iyakumlandela futhi imisebenzi yomuntu nomuntu iyabonakala. Angisho mhlonishwa ukuthi siyazi ukuthi kubantu bakithi kusekhona umgamu omude esisazowuhamba. Siyazi ukuthi kwaZulu-Natali kusenabantu abangamashumi amathathu nanye ekhulwini abasazodinga ukuba sibahlelele ukuba bakwazi ukuthola amanzi eduze. Siyazi ukuthi kulesi sifundazwe sinezindlu ezilinganiselwa ku 2.272 million ezikhona, kulezo zindlu ezilinganiselwa ku 707 000 azikabi nawo amanzi eduze. Siyazi ukuthi ngasesimani sezimali esinazo sinezimali kulesi sikhathi sesabelo sezimali eminyakeni emithathu esingamabillion amathathu nje kuphela kodwa siyazi ukuthi kunomehluko wemali enkulu ngamabillions

angaphezulu kwalokhu ayisikhombisa esisilele ngawo emuva. Kodwa futhi okusijabulisayo mhlonishwa ukuthi kawenqeni ukuza kithi ukuba sibambisane sikhulume sibe nemihlangano. Yingakho nje sithi kufanele ukuba lolu daba siluphathe ngendlela okuyiyona. Siyazi ukuthi kulesi sikhathi esizibekele sona noma ngabe abantu bakwaZulu-Natali bonke abawatholi amanzi futhi abakayitholi indlela ehloniphekile yokulahlwa kwetshe lentaba ngeke bema bathi abayibonanga imizamo kahulumeni wabo abamkhethe ngokwentando yeningi.

Siyazi futhi mhlonishwa ukuthi sesibe nomhlangano sakhuluma ngodaba lwesomiso nemiphakathi yakithi ekhahlamezeke kakhulu ikakhulukazi eMkhanyakude, eZululand, eMzinyathi, oThukela, oGwini nezingxenywe zikaSisonke. Umemezele-ke mhlonishwa ukuthi imali engu R35 million ibekwe eceleni. Sikhulumile ukuthi-ke yebo kusenesidingo esikhulu sokwengeza njengoba ezinye zezikhungo zomphakathi ezifana nezibhedlela nezikole zingakabi nawo amanzi siyazi ukuthi udaba lolu esilukhulumayo kodwa esingemi simemeze singenzi lutho ngalo ngoba akusizi ukukhuluma umuntu abe nomlomo omkhulu okwesicebetho kodwa kube kungekho lutho esilwenzayo. Sithi kubalulekile ngalolu daba ukuba lumiswe kanjalo. Siyabonga-ke futhi nemali ewu R355 million yokwakha izinto zokwakhela abantu izingqalasizinda kwaZulu-Natali kwezamanzi. Mhlonishwa ngifisa ukusho ukuthi uMnumzane uKeys ezintweni eziningi azikhulumayo imvamisa yazo zivame ukungayakhi into eya phambili, kodwa kunodaba olulodwa engizobuya kulona ngasekugcineni lwasoThukela Water. Ngiyabonga mhlonishwa Ngqongqoshe ukuthi sivumelene la emhlanganweni ukuthi imiphakathi ehlala eduze kwamadamu efana no Woodstock efana noNanda efana noJozini, sizobambisana siwuhulumeni wesifundazwe nohulumeni kazwelonke ukuba leyo miphakathi ikwazi ukuhlomula ingabuki amadamu nje ngamehlo kodwa ibe ingazuzi lutho kuwona. Sivumelene futhi ukuthi sizokwakha ithimba leminyango kahulumeni wesifundazwe nokazwelonke elizobambisana ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo siyakwazi ukululetha ukuze abantu bakwaZulu-Natali abangazuzanga ngesikhathi sohulumeni abadala ababebasusa nje bangabanikezi ngisho amanzi belahlekelwe yizindawo zabo. Sekuwumsebenzi wethu esizowenza thina ngoba kasichomi bafika la bezochoma bebe kade ngayizolo bengenzi lutho.

Mhlonishwa ngifisa ukudlula odabeni loThukela Water. Sithi kuyinto eyichilo nehlazo ukuthi uThukela lube sesimeni elikusona ngoba ngesikhathi lwakhiwa laba abalwakha babefuna ukuzuza amandla. Njengoba uzwile ukuthi nalayiNdlini kukhona abafuna

amandla aye kwamasipala. Abawafuneli ukuthi aye komasipala ukuze assize abantu bafuna ukuthi aye komasipala ukuze kwenziwe ukungalungiswa, kube khona ogimbela kwesabo bababuke futhi bangenzi lutho ngabo. Umkhandlu ophethe uThukela Water okuwuMzinyathi, iNewcastle, Amajuba njengoba kwaphuma uThukela bayaqhubeka nokuthatha izinqumo ezishaqisayo. Yilolu daba-ke mhlonishwa esinomqingo ongaka weForensic Investigation kodwa ngoba-ke konke lokhu kumele imphakathi nesizwe ngeke sibukelele nje mhlonishwa kukhona ukuganga. Khona maduze nje sizokhuluma ngalolu daba ngoba izinyathelo ezinqala sizozithatha. Yilapho engithi siyavumelana khona-ke noMnumzane uKeys ukuthi kungesize ukuthi umhlonishwa iNkosi yaseMaCambini neNkosi yakwaZashuke bafune amandla bebe behlukela ngisho ukukhuza omasipala abaphethwe yibona beganga oThukela Water.

Bawafunela la mandla ukuganga ngawo. Abawafuneli amandla ukusiza abantu ngoba abenzi lutho ukukhuza. Asizwa ukuthi iqembu labo okuyilona eliphethe labo masipala liyakhuza. INkosi yakwaZashuke ibiphethe ngaphambili ayikaze ibakhuze abantu.

**THE SPEAKER:** Ndabezitha noma kodwa sesidelelana-ke kodwa igama lokuthi umbhedo uma selizwiwa nayimina kufuneka ngenzenjani manje. Ikakhulukazi ngoba phela iNkosi futhi iyona ethe akufunakali ukuthi kube khona ukufutheka. Ake sicele nje Ndabezitha ukuthi iNkosi ake ingalisebenzisi leli gama lokuthi umbhedo.

**INKOSI N J NGUBANE (IFP):** Ngishilo impela ukuthi ukufutheka akungabi bikho kodwa bengingasho ukuthi umuntu akafutheke kimina. Ngakho-ke ngiyalihoxisa.

**THE SPEAKER:** Ngiyalibonga impela nacho-ke ebengikudinga impela nami yilokho nje kwalelo gama. Ngqongqoshe ngiyibonile imizuzwana yakho emncane ehambile kodwa ayiminingi kakhulu. Njengensizwa-ke ngiyazi ukuthi ngeke ukhalele imizuzwanyana emincane, qhubeka-ke Ngqongqoshe.

**MEC M MABUYAKHULU (MEC for Housing, Local Government and Traditional Affairs):** Mhlonishwa Somlomo kuyaye kuzwele uma iqiniso linjalo liyababa vele. Sithi thina-ke kuNgqongqoshe asingakhulumi ngamandla asikhulume ngomsebenzi womphakathi. Uma iqembu leNkatha Freedom Party bekukhona elikwenzayo laphaya oThukela, lingabukeleli kugilwa imikhuba ngabe siyalizwa kodwa siyazi ukuthi laphaya oThukela ukuze izinto zonakale, imali eningi iye ukuyokondla abantu ayiyi ukusiza umphakathi, isiza abantu ababekwe laphaya yiqembu ukuzizuzela bona. Alibakhuze-ke

iqembu ngoba khona kusasa siyothi uma ngabe sesi acta kubo ogombela kwesabo bazokhala kuqala. Into engeke siyenze siyohlala singasesayidini labantu ngaso sonke isikhathi ngeke sithule sibuka abantu beganga ngeke sithule.

Okunye engifuna ukukusho yilokhu, elokuthi iqembu le IFP elithi lifuna kuprivethayizwe lalingakwenzi ngani liphethe, lifuna bonke abantu bangatholi amanzi? Ngeke sikuvume. [Time expired.] Siyabonga Somlomo.

**THE SPEAKER:** Hon members, we have come to the conclusion of this debate. It which was supposed to be a very objective debate and a very cool one, but apparently it has raised a few emotions.

There is a vehicle – NCW 16278 - which is blocking the exit at the parking lot. [Insert isiZulu] The owner of this car must please remove it. It is blocking the exit at the parking lot. NCW 16278, please, if that is your car, remove it.

I did indicate that I am going to allow the hon MEC Mkhize to make a statement in terms of Rule 100. The Rule does provide that members can respond for no longer than three minutes. That is your right. However, I can see this is a major policy statement which you may wish to debate. As soon as it is read and tabled in the House, I am going to refer it to the Whips Forum for the Chief Whip to discuss it with the Whips, so that you may decide whether you want it dealt with in any other manner after it has been tabled here. I am raising that, because I am sympathetic to your own views around the statement.

The hon MEC Mkhize will then take the floor. After the MEC has made his statement, we will then adjourn officially. As soon as we adjourn, I will then be in a position to allow the Minister to deal with any reactions that there may be on issues that have been raised during the debate. That session will be presided over by the Chief Whip, after which the Chief Whip will then allow the Premier to thank the hon Minister on our behalf. After we adjourn, I will allow the Deputy Speaker to just make one final announcement that we do have.

Before the hon MEC Mkhize, Leader of Government Business, proceeds: Members of the Rules Committee, please remember that we have a Rules Committee meeting after the Minister has spoken.

---

**DR Z L MKHIZE (MEC for Finance and Economic Development; Leader of Government Business):** [Somlomo Baba. Insert isiZulu 05:38:34](#)

Just to clarify matters, I believe I might have information that will assist hon members in the House, seeing that some statements which they have uttered indicate their particular interest in this particular matter. I therefore wish to deal with the issue of forensic reports prepared by the Internal Audit Unit.

In recent months the Internal Audit Unit, stationed in the Provincial Treasury, has been receiving more and more requests from this House and its portfolio committees to release forensic reports prepared by the unit. These requests are problematic for several reasons.

Firstly, we need to understand the role of the Internal Audit Unit as opposed to externally appointed forensic auditors. The role of the Internal Audit Unit is to assist the accounting officers with the effective discharge of their responsibilities in the areas of internal control, risk management and government. This is in terms of Section 38 of the PFMA.

Reports issued by the Internal Audit Unit are therefore intended for use by the unit's principal clients, namely the accounting officers of the departments. Releasing these reports to external parties can compromise the freedom of action of accounting officers and betray the principle of client confidentiality. This applies to forensic investigation reports, as well.

In the case of forensic reports, however, there are other compelling reasons for not releasing these reports to external parties, as a matter of principle. These reports are often required as evidential material in criminal investigations and cases pursued by the Commercial Crime Branch of the SAPS, as well as the Scorpions Unit of the National Prosecuting Authority. For example, we have provided the forensic report on the Department of Agriculture to the Scorpions for further investigation. Sometimes these reports are used many years after they were initially compiled. To have the contents of the reports debated in an open session in the House could therefore render the information useless as evidential information in subsequent criminal investigation, especially the court procedures themselves.

---

It is also often incorrectly assumed that the Internal Audit Unit under Treasury is the author of all forensic reports in the province. This is clearly not the case. For example, many of the reports called for by this House and its committees were, in fact, commissioned by other departments or provincial entities using external forensic auditors. Examples are the forensic investigation commissioned by Ezemvelo; the Strauss Daily Report on Dr Nyembeze, commissioned by the Office of the Premier; the Alexandra Report into the Taxi Industry, commissioned by the Office of the Premier and the Department of Transport; the forensic investigation commissioned by the Department of Local Government and Traditional Affairs into Utrecht and other municipalities.

Another report that has been cited is the report on matters within the Growth Fund. This report has been completed and has been tabled to the Board of the Growth Fund. I just want to indicate that that is not about a problem of the Growth Fund itself. However, there is a specific project that is being investigated on aquaculture, and we do not wish to create an impression that there is corruption in the fund in general. However, there was a specific aspect that was being looked into, which is a particular project - not all the projects and not the whole fund.

In summary, the aforementioned reports are not in the possession of Provincial Treasury and we are therefore not in a position to release them to this House. I have actually received correspondence from the hon Dr L P H M Mtshali who asked for this report. I did indicate to the hon member that we are not in a position to release this report. We had hoped that this matter was well understood by other members.

The exceptions are the report on the Rehabilitation Trust, which was shared with the Portfolio Committee on Finance after the report had been utilised by the investigators, as well as this one on the Growth Fund. Disciplinary proceedings are proceeding internally. The investigation into the finance and administration of the Department of Agriculture is another report. Hon members should note that this was not a forensic report. A forensic report was subsequently compiled and provided by the Scorpions. I think the members know the difference. The first one was an internal audit report, which we shared with hon members without a problem. However, the subsequent one is a forensic report which is now being provided to the Scorpions. This report is still being used by the Scorpions in a

---

criminal investigation and can therefore not be released and debated anywhere else, as it is intended for the courts.

Section 30 of the National Prosecuting Authority Act prohibits the disclosure of information relating to investigations without the permission of the investigating officer. I have received a written question from the hon Burrows, asking whether the Scorpions have explicitly prohibited this report from being tabled here. This is the provision that is applicable. Of course, Section 35 of the same Act provides for the National Director to be accountable to the national Parliament in respect of his powers, functions and duties.

I wanted to bring this matter to the attention of the House, because I have noted that there is quite a lot of interest in the reports and already an impression is being created that somebody is shielding someone else in respect of these reports. This perception is incorrect.

I also want to warn members of this House who coax and coerce members of the administration to leak information which they would like to use for their own political ends, or to attack members of the Executive because they believe that the information is factual. I have had occasion to discuss this matter with some editors, and I have warned them that some of the information that has been given to them is half-baked. When the truth comes out and when the verification has been done, they then discover that the information was incorrect. We want to warn you that you will be taken to court and a law suit will be brought against you. There will not be any officials who will testify in support of any members, because you will find that something has been done in breach of some administrative provisions.

We believe it is important that such a warning be sounded because we had an experience where a report was given to the media even before the matter was released to the Executive, before the principals even asked for the report. Where it is possible, we have taken this House into our confidence. We discuss matters with committees on a confidential basis and we will continue to do so. The kind of approach that is being used is actually bordering on a breach of the separation of powers between the Executive and the Legislature. In this case, we wish to indicate to hon members that some of the things that have been done might be bordering on that, and we would like this matter to be given attention.

We will not tolerate members who go to the department and use what I would call “sources” to try and extract information. I think it is important for us to issue a clear warning, because we are now getting to a situation where statements are made which have no basis in fact, but which have a basis on the fact that somebody whispered something. When we want to follow up and get to the truth of the matter, we do not find it.

We have no problem with any member wishing to debate an issue which is based on a report. Quiet frankly, we even offer the reports to members when we submit them for members’ perusal. Therefore, if we wish to debate matters like that, like when we debated the Internal Audit Report, I think that is fair. However, when people start going to the administration to try and extract some information, really, I think that is actually unethical.

I wanted to make this statement, because members are clearly keen to get those reports. Indeed, one of the motions which we heard this morning was suggesting that it is Treasury which should make available these reports. I just want to indicate that it is not necessarily so and, therefore, I do not want anything to be on record in this House which even suggests that there is a report that is outstanding from Treasury when, in fact, there are specific departments that have been dealing with these issues.

I want to thank you for obliging me, Mr Speaker. Thank you very much.

**THE SPEAKER:** Thank you, hon Dr Mkhize. Chief Whip, I take it that the IFP’s statement has been made and, as I have said, has been referred to the Whips Forum. Mr Keys?

**MR R E KEYS (DA):** Mr Speaker, I think the statement carries such weight that it needs to go to the Whips Forum. We would support a full debate on it.

**THE SPEAKER:** Hon Rev Mbatha?

**REV A H MBATHA (NADECO):** Thank you, hon Speaker. I concur that this matter deserves a debate in this House, especially so that there could be clarity on issues like access to information. We will have to arrange a time for such a debate to take place.

**THE SPEAKER:** Mr Msomi?

**MR B J MSOMI (UDM):** Yes, Mr Speaker, we are in line with your proposal.

**THE SPEAKER:** Thank you, hon members. That then closes that matter. Since we have concluded this matter, we will now allow for what I have indicated, that is, we will adjourn the House until 10:00 on Tuesday, 27 November 2007.

*The House was adjourned.*